National Nuclear Regulator

Kuhlanganiswe ngokweSigaba 14 soMthetho wokuThuthukisa ukuFinyelela oLwazini,2000
(uMthetho No.2 wowezi-2000)

OKUQUKETHWE

1. IZINCAZELO 3
2. UHLU LWAMAGAMAZIFINGQO NEZIFINGQO 4
3. INCWADI YOLWAZI LOMLAWULI KULO MTHETHO 5
4. INHLOSO YENCWADI YE-PAIA 5
5. ISINGENISO SOMLAWULI WEZENUNZI KUZWELONKE 6
6. IMININGANE YOKUXHUMANA YOKUFINYELELA OLWAZINI LWE-NNR 9
7. ISIHLOKO NEZIGABA ZAMAREKHODI AGCINWE YI-NNR 10
8. UKUTHOLAKALA NGALESO SIKHATHI KWAMAREKHODI ATHILE E-NNR, ATHOLAKALA NGAPHANDLE KOKUCELA UKUFINYELELA NGOKWEMIGOMO YESIGABA 15(2) SOMTHETHO 15
9. INQUBO YOKUCELA UKUFINYELELA KUMAREKHODI AGODLWE YI-NNR 18
10. UKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI EKWAKHIWENI KWENQUBOMGOMO NOKUSEBENZISA AMANDLA NOMA UKWENZIWA KWEMISEBENZI YI-NNR 21
11. UKUSEBENZA ULWAZI OLUQONDENE NOMUNTU 22
12. IZIGABA ZEZIHLOKO ZEMININGO NOLWAZI OLUQONDENE NOMUNTU 23
13. ABEMUKELI NOMA IZIGABA ZABEMUKELI ABANGANIKWA ULWAZI OLUQONDENE NOMUNTU OLUKHISHWA YI-NNR 24
14. IZIMALI EZIMISELWE UKUKHOKHWA 25
15. AMAREKHODI ANGEKE ATHOLWE NOMA ANGEKHO 25
16. UKULAHLWA KWAMAREKHODI 26
17. IZIBEKELO ZOLWAZI LOKUPHEPHA 26
18. IZIKHALAZO EZIYA KUMLAWULI WOLWAZI 27
19. UKUTHOLAKALA KWENCWADI 27
20. UKUFAKA ULWAZI OLUSHA KWINCWAJANA 27

1. IZINCAZELO

1.1 **“Imali yokufinyelela”** isho imali ebekiwe ngezinhloso zeSigaba 22(6) noma 54(6), kuye ngomumo wangaleso sikhathi;

1.2 **‘‘inhlokomininingo’’** kusho umuntu ohlobene nolwazi ngomuntu;

1.3 **“iSekela leSisebenzi Solwazi”** sisho umuntu oqokwe ohlakeni lukahulumeni noma oluzimele obhekene nokulekelela iSisebenzi Solwazi eSicelweni se-PAIA;

1.4 “**iKhomishini yamaLungelo aBantu**” isho iKhomishini yamaLungelo aBantu baseNingizimu Afrika echazwe eSigabeni 181 (1) (b) soMthethosisekelo;

1.5 **“lSisebenzi Solwazi”** sisho iSikhulu eSiphezulu soMlawuli wezeNunzi kuZwelonke;

1.6 “**uMlawuli woLwazi**” usho uMlawuli woLwazi osungulwe ngokwemigomo yeSigaba 39 soMthetho wokuVikela uLwazi Ngomuntu, 2013;

1.7 “**Ukwedlulisela isicelo ngaphakathi**” kusho ukwedlulisela isicelo ngaphakathi kogunyaziwe ngokwemigomo yeSigaba 74;

1.8 “**uNgqongqoshe**” usho ilungu leKhabhinethi elibhekene nokuphatha ubulungiswa;

1.9 “**Umuntu**” uchaza umuntu ngokwemvelo noma umuntu ngokomthetho;

1.10 “**Ulwazi ngomuntu**” luchaza ulwazi olumayelana nomuntu wemvelo ongahlonzeka, okufaka, kodwa kungagcini –

a) Olwazini olumayelana nobuhlanga, inhlonzabuntu, ubulili, isimokukhulelwa, isimo sezomshado,
b) Ubuzwe, ubuhlanga noma imvelaphi ngokomphakathi, ibala, umumo wezocansi, ubudala, impilo yomzimba noma yezomqondo, impilomumo, ukukhubazeka, ezenkolo, unembeza, inkolelo, isiko, ulimi nokuzaleka komuntu;
c) Ulwazi olumayelana nezemfundo noma ezokwelashwa, ezezimali, ubugebengu nomlando wezokusebenza komuntu;
d) Nanoma iyiphi inombolo ehlonzayo, uphawu, ikheli le-imeyli, Ikheli lendawo yokuhlala, inombolo yocingo, ulwazi ngendawo, isihlonzi sakwikhompyutha noma olunye ulwazi oluveza omunye umuntu;
e) ulwazi lwebhayomethrikhi yomuntu;
f) imibono yabantu, izimvo noma okukhethwa wumuntu;
g) Okubhalelwana ngakho okuthunyelwe wumuntu, okucacile noma okungacacile ukuthi kuyinto eyimfihlo yini ukubhalela okuqhubeka kulokho kungadalula okuqukethwe obekusembhalweni wokuqala;

h) imibono noma izimvo zomunye umuntu ngomunye; negama lomuntu uma livela, nolwazi ngomuntu oluhlobene nomuntu noma uma ukuveza igama qobo kuzoveza ulwazi ngomuntu, kodwa kushiya ngaphandle ulwazi ngomuntu owashona eminyakeni engaphezu kwama-20 eyedlule;

1.11 **“umuntu ofake isicelo”** usho umuntu ocela ukufinyelela kwirekhodi eliqukethe ulwazi oluqondene nomuntu ongumfakisicelo;

1.12 **“umsebenzi”** usho nanoma yimuphi umuntu osebenzela, noma ohlinzeka imisebenzi esikhundleni soMlawuli wezeNunzi kuZwelonke nothola nanoma iyiphi inkokhelo, okufaka nabasebenzi abasebenza ngokugcwele, abayitoho, kanjalo nabasebenza ngenkontileka;

1.13 **“irekhodi”** lichaza nanoma yiluphi ulwazi oluqoshiwe, kungabhekwa uhlobo noma indlela, elisetshenzwayo noma elingaphansi koMlawuli wezeNunzi kuZwelonke, kungabhekiwe ukuthi lasungulwa wuMlawuli wezeNunzi kuZwelonke noma cha;

1.14 **“osegunyeni ngokufanele”** usho iSikhulu eSiphezulu;

1.15 **“isicelo”** sisho isicelo sokufinyelela kwirekhodi loMlawuli wezeNunzi kuZwelonke;

1.16 **“umfakisicelo”** usho nanoma yimuphi umuntu (ongelona uhlaka lukahulumeni ochazwe endimeni (a) noma (b)(i) wencazelo ‘yohlaka lukahulumeni’ kwiPAIA, noma omsebenzi ongenayo) ofaka isicelo sokufinyelela kwirekhodi loMlawuli wezeNunzi kuZwelonke nokufaka nanoma yimuphi umuntu omele omunye noma umfakisicelo;

2. UHLU LWAMAGAMAZIFINGQO NEZIFINGQO

2.1	CEO	ISikhulu eSiphezulu
2.2	Constitution wowe-1996	UMthethosisekelo weRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika, uMthetho No. 108
2.3	NNR	UMlawuli wezeNunzi kuZwelonke
2.4	NPP	Izikhungo zaMandla eNunzi
2.5	NTN	UBuchwepheshe beNunzi neMpahla eSebenza ngokweMvelo ngeMisebe
2.6	NORM	Impahla eSebenza ngokweMvelo ngeMisebe
2.7	PAIA	UMthetho wokuPhucula ukuFinyelela oLwazini No. 2 wowezi-2000
2.8	PFMA	UMthetho wokuLawula eZezimali zikaHulumeni No. 1 wowe-1999 njengoba uchitshiyelwe
2.9	POPIA	UMthetho wokuVikela uLwazi Ngomuntu 4 wowezi-2013
2.10	RITS	Ukuphuculwa kokuLawulwa neMisebenzi yeZobuchwepheshe

2.11 SAHRC Ikhomishini yamaLungelo aBantu yaseNingizimu Afrika

3. INCWADI YOLWAZI LOMLAWULI KULO MTHETHO

UMlawuli woLwazi ngokwemigomo yeSigaba 10(1) se-PAIA, njengoba kuchitshiyelwe, ufake ulwazi olusha eMhlahlandleleni we-PAIA, njengoba wawuhlanganiswe yi-SAHRC. Inhloso yoMhlahlandlela obalulwe ngenhla wukuhlinzeka ulwazi oludingwa yinoma yimuphi umuntu ofisa ukusebenzisa nanoma yiliphi ilungelo elibalulwe kwi-PAIA ne-POPIA. Lo Mhlahlandlela uzosiza umuntu, obuye abizwe ngenhloko yemininingo, ukuthi angafinyelela kanjani olwazini lomuntu ngokwemigomo yeSigaba 23 se-POPIA.

Umhlahlandlela uyatholakala ngazo zonke izilimi ezisemthethweni kuMlawuli woLwazi. Imininingwane yokuxhumana noMlawuli woLwazi imi kanje:

P.O. Box 31533
BRAAMFONTEIN
2017
Ucingo: +27 10 023 5200
Iwebhusaythi: www.inforegulator.org.za
I-imeyli: inforeg@justice.gov.za

4. INHLOSO YENCWADI YE-PAIA

Le Ncwadi ye-NNR PAIA ihlanganiswe ngokuhambisana nezidingo ze-PAIA, ifundwa neZigaba eziyizo ze-POPIA. Le ncwadi ingasetshenziswa amalungu omphakathi ukwenza lokhu -

4.1 Ukusungula umumo wamarekhodi okungenzeka ukuthi asevele ayatholakala kwi-National Nuclear Regulator (i-NNR) ngaphandle kwesidingo sokuthumela isicelo esisemthethweni se-PAIA;
4.2 Ukuba nokuqonda ukuthi sifakwa kanjani isicelo sokufinyelela kwirekhodi leNNR;
4.3 Ukufinyelela kuyo yonke imininingwane yokuxhumana eyiyo yabantu abazosiza umphakathi ngamarekhodi abafuna ukufinyelela kuwo;
4.4 Ukwazi zonke izinsiza ezikhona kwi-NNR ezimayelana nesicelo sokufinyelela kumarekhodi, ngaphambi kokuya eziNkantolo;
4.5 Ukuchaza imisebenzi etholwa amalungu omphakathi kwi-NNR nokuthi kufinyelelwa kanjani kuleyo misebenzi;

4.6 Ukubalula incazelo yomhlahlandlela yokuthi isetshenziswa kanjani i-PAIA, njengoba ifakwe ulwazi olusha yi-NNR nokuthi itholakala kanjani;

4.7 Ukuqonda ukuthi uhlelo lwe-NNR luyolusebenza kanjani ulwazi ngomuntu, inhloso yokusebenza ulwazi ngomuntu, incazelo yezigaba zezinhloko zemininingo kanye nolwazi olumayelana nezigaba zolwazi oluhlobene nalokho;

4.8 Ukwazi ukuthi i-NNR ihlele ukwedlulisela noma ukusebenza ulwazi ngomuntu ngaphandle kweRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika kanye nabemukeli noma izigaba zabemukeli abanganikwa ulwazi; kanye

4.9 nokwazi ukuthi i-NNR inezinto eziyizo zokuphepha ukuqinisekisa ubumfihlo, ukuziphatha ngendlela, nokutholakala kolwazi okumele lusetshenzwe.

5. UKWETHULELWA I-NNR

I-NNR ifakwe ohlwini njengesikhungo sikazwelonke kuSheduli 3 Ingxenye A yoMthetho wokuLawula eZezimali zikaHulumeni (uMthetho No. 1 wowe-1999, njengoba kuchitshiyelwe). Yasungulwa ngokwemigomo yeSigaba 3 soMthetho wokuLawula ezeNunzi kuZwelonke, (uMthetho No. 47 wowe-1999). Ibhekene nemisebenzi esezingeni eliphezulu kakhulu lokwenza umsebenzi ukuze kuhlinzekwe ukuvikelwa kwabantu, impahla nendawo ekulinyazweni yinunzi, ngokwakhiwa kwamazinga okuphepha nemisebenzi yokulawula.

5.1 Izinhloso ze-NNR wukwenza lokhu:

a) ukuhlinzeka ukuvikela abantu, impahla nendawo ukuthi ingalimali kwinunzi ngokusungula amazinga okuphepha nemisebenzi yokulawula;
b) Ukulawula okumayelana nokuphepha ezindaweni, emumwenisakhiwo, ekwakheni, ekusebenzeni izingxenyezakhi, nokukhipha izinukubezi, ekunqamuleni ukusebenza nasekuvaleni ukufakwa kokwenunzi;
c) Yenza ukulawula phezu kweminye imisebenzi, lapho kungena khona lo Mthetho, ngokunika amagunya kwezenunzi;
d) Ukuhlinzeka ukuqinisekisa ukuhambisana nezimo zokugunyaza okwezenunzi ngokuqalisa ukusebenza uhlelokusebenza lokuhambisana nokuhlolwa;
e) ukufezekisa izibopho zikazwelonke mayelana nezisetshenziswa zezomthetho emhlabeni jikelele mayelana nokuphepha kwinunzi; kanye
f) nokuqinisekisa ukuthi izihlinzeko zokuhlela okuphuthumayo kwenunzi zikhona.

5.2 Imisebenzi ye-NNR wukwenza lokhu:

a) Ukunika noma ukuchibiyela ukugunyaza okwenunzi;
b) Isebenzise izimpahla bese yehlukanisa imithombo (ukuqasha, ukuthenga, ukuthola);
c) Ukubambisana nezinye izikhungo ukuba kuyoqoqwa kuphinde kusatshalaliswe ulwazi lwezesayensi nobuchwepheshe mayelana namandla enunzi;
d) Ukubambisana nezinye izikhungo mayelana nezihlinzeko nemiyalelo yokuqeqesha abantu okudingwa yi-NNR;
e) Ukuhlinzeka ezezimali nolunye usizo lokuqeqesha abantu ukuze iNNR isebenze imisebenzi yayo;
f) Ukuziqinisekisa ekulahlekelweni, ekulimaleni, engcupheni noma esikweletini;
g) Ukweleluka uNgqongqoshe ngezindaba ezihlobene nanoma yisiphi isenzo noma isimo;
    i. Iyakwazi ukwenza umonakalo wenunzi;
    ii. UNgqongqoshe ubhekisa i-NNR; noma
    iii. I-NNR icabanga ukuthi kubalulekile ukweluleka uNgqngqoshe kulokhu;
h) Ukusebenza njengoneGunya owazi umsebenzi kazwelonke okumayelana noKulawula i-Ejensi yaMandla ama-Athomu eMhlabeni Jikelele ngokuPhepha kokuThutha kweZinto ezisebenza ngeMisebe;
i) Ukuphothula izinkontileka, ukungena ezivumelwaneni noma ukwenza nanoma yisiphi isenzo, nanokuthi kwiRiphabhlikhi noma kuyiphi indawo, lapho izinto zayo zenziwa ngendlela noma okubaliwe, ngokuqondile noma ngokungaqondile, ukuphucula umthamobungako bemisebenzi eyenziwa yi-NNR ukuze ifinyelele ezinjongweni zayo noma lezo ezingahlonzwa;
j) Ukukhiqiza nokuletha kuNgqongqoshe ngombiko wonyaka ngezempilo nokuphepha okuhlobene nabasebenzi, umphakathi nendawo ehlobene nazo zonke izindawo zokusebenzela okufaka, kodwa kungapheleli kokuqukethwe okubekiwe.

5.3 Umumo we-NNR

5.3.1 I-NNR ifaka iNhlokohhovisi esendaweni yaseCenturion, ilabhorethri esePitoli, iSikhungo sokuPhepha kwezeNunzi nokuVikeleka esisePitoli neHhovisi elisendaweni yokusebenzela eCape Town.

5.3.2 UNgqongqoshe woMnyango weZokumbiwa phansi naMandla usebenza njengeSikhulu esineGunya se- NNR. Ngokwemigomo yeSigaba 8 (1) no (2) soMthetho we-NNR, i-NNR ibuswa iphinde ilawulwe yiBhodi laBaqondisi ukuqinisekisa ukuthi izinhloso zoMthetho we-NNR ziyenziwa,


nokulawula ukwenziwa kwemisebenzi kwe-NNR. Ibhodi lifaka aBaqondisi abangathathi-zinqumo abaqokwa ngokuzimele nguNgqongqoshe weZokumbiwa phansi naMandla, noMqondisi oMkhulu oyiSikhulu eSiphezulu (i-CEO). Amalungu aBhodi, okufaka kuwo ne-CEO, unesikhundla esiba yiminyaka emithathu, kodwa usangakwazi ukubuye akhethwe kabusha.

5.3.3 IKomidi eliPhezulu le-NNR line-CEO neZikhulu eziyisihlanu (5)

okuyilezi: ISikhulu: se-Nuclear Power Plants (NPP);

iSikhulu: uBuchwepheshe beNunzi nempahla esebenza ngokweMvelo ngokweMisebe (NTN), iSikhulu: sokuPhucula ukuLawula neMisebenzi yeZobuchwepheshe (i-RITS), ISikhulu eSiphezulu seZimali neSikhulu: iMisebenzi yokweSeka.

5.3.4 Izinga eliphezulu lesakhiwo senhlangano ye-NNR



6. IMININGANE YOKUXHUMANA YOKUFINYELELA OLWAZINI LWE-NNR

6.1 Izicelo zokufinyelela kumarekhodi nokwedlulisela izicelo kwangaphakathi

Zonke izicelo zokufinyelela kumarekhodi e-NNR kumele zibhekiswe koyiSekela leSisebenzi Solwazi. Nanoma yikuphi ukwedlulisela isicelo kwangaphakathi ngokwemigomo yeSigaba 74 se-PAIA, kumele siyiswe kuSisebenzi Solwazi. ISisebenzi Solwazi kungathintwana naso eNhlokohhovisi ye-NNR eCenturion.

6.2 ISisebenzi Solwazi

Nksz Ditebogo Kgomo
Ucingo: +27 (0) 12 674 7122
Ifeksi: +27 (0) 12 663 5513
I-imeyli: DKgomo@nnr.co.za

6.3 ISekela leSisebenzi Solwazi

Thiagaraj Gino Moonsamy
Ucingo: +27 12 674 7111
Ifeksi: 0865884450
I-imeyli: gmoonsamy@nnr.co.za

6.4 Inhlokohhovisi

Ikheli leposi: PO Box 7016, Centurion, 0046
Ikheli lendawo yokuhlala;
Eco Glades Office Park, Eco Glades 2
Block G, Witch Hazel Avenue
Highveld Ext 75
Eco Park
Centurion
0157

I-imeyli: paia@nnr.co.za enquiry@nnr.co.za Iwebhusaythi: www.nnr.co.za

6.5 Ihhovisi lendawo yokusebenza

Ikheli leposi: P.O. Box 46055, Kernkrag, 7441

Ikheli lendawo yokuhlala;
12 Raatz Drive
Delphi Arch Building
Tableview
Cape Town

Ucingo: +27 21 553 9500. Ifeksi: +27 21 553 1361

7. INHLOKO NEZIGABA ZAMAREKHODI AGCINWE YI-NNR

7.1 Amarekhodi agcinwe yi-NNR akhiwa ngezinhlelo/ngezinhlelo ezingaphansi kwezinye ezehlukene zangaphakathi ngaphansi kwakho kokubili i-PAIA ne-POPIA. La amarekhodi ahlobene ngqo nokumele kukhishwe yizinhlelo/yizinhlelo ezingaphansi kwezinye namarekhodi okusebenza emisebenzini yenhlangano.

7.2 Amarekhodi athile agodlwe yi-NNR atholakala ngohlobo lomsebenzi owenziwa yi-NNR kanti ezikhathini ezithile amarekhodi atholwa ezinhlakeni zikahulumeni nezizimele ngokuhambisana ne-PAIA ne-POPIA.

7.3 I-NNR igodle ilungelo lokwedlulisa izicelo zamarekhodi ezinhlakeni eziqondene lapho lezi zinhlaka zingabafukameli abasemqoka noma abakhiqizi bolwazi oluceliwe, noma lapho i-NNR ingasenawo lawo marekhodi.

7.4 I-NNR iphinde igodle ilungelo lokwakha izigaba ezintsha zamarekhodi lapho kudingeka khona. Le Ncwadi iyofaka ulwazi olusha ukukhombisa ushintsho ezigabeni zamarekhdi ngokufanele.

7.5 Izinhloko nezigaba zolwazi olugodlwe yi-NNR

7.5.1 Amarekhodi agodlwe ngaphansi kwezinhloko ezehlukene awatholakali ngokushesha kanti ukufinyelela kumarekhodi kuncike emumweni wokuqukethwe amarekhodi. Ngezansi kunohlu lwamarekhodi nolwazi okutholakala kwi-NNR nokungacelwa ngohlelo lokufaka isicelo lwe-PAIA. Uhlu alufaki yonke into kanti futhi lungachitshiyelwa uma kunesidingo.

Isihloko	Izigaba zamarekhodi

Ukubusa ngokubambisana	- Izinqubomgomo neZinqubo zeZinhlangano - Ukwabiwa kweGunya - Inhlolomabhuku ezimali - Ukuhlelwa koMqondosu - Ukulawulwa kweNgcuphe - Ukuvinjwa kweNkohlakalo - Ukwedlulisa uLwazi ngezoBuchwepheshe (okwedijithali) - Ukulawulwa kwabanesabelo - Amaminithi eMihlangano - Ukuvezwa kweNtshisekelo
Ezomthetho	- Umtheshwana we-NNR - Izivumelwano Zokusebenzisana kuZwelonke - Izivumelwano Zokusebenzisana eMazweni oMhlaba - Izinkontileka neZivumelwanokusebenzisana Zokuqonda - Imibono Yezomthetho Nokutolika - Ukuxazulula ngezomthetho - Ukwedlulisela izicelo
Amadokhumenti emiqondosu, Izinhlelo neMibiko	- Ingqungquthela yoMbiko wokuPhepha kweZenunzi - Ingqungquthela ehlangene yokuPhepha kokuLawulwa kokusaMafutha aSetshenzisiwe kanye noMbiko woKuphepha kwiMfucuza esebenza ngemisebe. - Imibiko yeZobuchwepheshe neSayensi - Ukugunyazwa ngokwenunzi - Isitifiketi sokuRejista - Imibiko yokuQinisekisa Ukuhambisana nokubekiwe - Imibiko yoCwaningo - Imibiko yokuHlola eZobuchwepheshe - Ukulawula ezokuphepha - Amaphrojekthi akhethekile - Imibiko yokulawula - Imibiko yeNhlolomisebenzi yokulinganwa nabo - Imibiko ye-AEA Mission - Ukusebenza ngokubambisana nangokuhlanganyela ezweni lonke - Umbiko wonyaka - Uhlelo loMqondosu - Uhlelo lokuSebenza loNyaka

Ezabasebenzi	- Indlelakuziphatha - Izimo zokusebenza - Izinqubomgomo neZinqubo - Ukulawulwa kokusebenza - Umholo - Ukuhlela ozongena emva komunye - Umumo womsebenzi/Ukuchaza - Ukuhlaziya umsebenzi - Izikhala ezikhangisiwe - Amarekhodi abasebenzi - Ukuthuthukisa amakhono nokuQeqesha - Uhlelo lokulinganisa ekuqasheni kanye neZibalomininingo - Impilo yasemsebenzini nokuPhepha - Ukulingana emsebenzini - Impilonhle yabasebenzi - Ubudlelwano basemsebenzini
Ukulawulwa kwezezimali	- Ukuhlela ezezimali NoCubungulozimali lokuLawula - Imali engenayo - Ulwazi lweMali eNgenayo - I-MTEF - Ukugada ibhajethi neMibiko yokuLawula iMalizindleko
Ukulawula ezendlela yokusebenza	- Amadokhumenti okubhida - Izinkontileka - Izinkomba zokusebenza - Ama-oda okwenzelwa umsebenzi - Amakhotheshini - Ukulawula amathenda - Ukulawula impahla
Imisebenzi yolwazi	- Ukulawula ulwazi - Ukulawula amarekhodi - I-PAIA - Izinhlelo ze-ICT, izinqubomgomo neZinqubo
Ukuxhumana kokubambisana	- Izinqubomgomo neZinqubo - Izithombemqondo neZithombe - Ukuqopha Izwizithombe - Ubunjalo bokubambisana nokuFaka iqophabunjalo - Okubhalwe wumhleli nokuShicilelwe

Ukubamba iqhaza komphakathi	- Amacala alalelwa wuMphakathi - Imihlangano, iZingqungquthela Nemicimbi - Izaziso Zomphakathi - Ukuphawula koMphakathi - Izethulo Zabanesabelo - Amarejista abebethamele - Ama-afidavithi - Imibiko, amaminithi, izinqumo - Izinkundla Zolwazi lokuPhepha koMphakathi - OSihlalo namaSekela oSihlalo beZinkundla Zolwazi ngokuPhepha koMphakathi - Ababukelayo ababambe iqhaza eMsebenzini oPhuthumayo wokuLawula ezeNunzi
Abezindaba	- Izitatimende zabezindaba - Izinkulumo - Impendulo emibuzweni - Imibiko

7.6 Izigaba zerekhodi ezingancika ezimweni ezinganqaba ukufinyelela kumarekhodi.

7.6.1 Isigaba samarekhodi esibalulwe ngezansi singacelwa ngokusemthethweni, kodwa ukufinyelela ezingxenyeni zalawa marekhodi noma irekhodi eliphelele kungenqatshwa ngezizathu zomthetho ezibalulwe eSigabeni 33 kuya ku-46 naseSigabeni 62 kuya ku-70 se-PAIA. Uhlu alufaki konke okungaba khona, kodwa lungachitshiyelwa ngokuhamba kwesikhathi.

7.6.2 I-NNR Iphinde igodle ilungelo lokunqaba ukufinyelela kumarekhodi lapho ukusetshenzwa kwerekhodi kuzoholela ekuchezukeni okukhulu nokungenasidingo kwemithombo.

7.6.3 Ukufinyelela kungenqatshwa lapho izicelo zibonakala zingenamsebenzi kanye/noma zingezibanga isidina.

7.6.4 Kodwa, iSisebenzi Solwazi noma iSekela leSisebenzi Solwazi sakwa-NNR singavuma isicelo sokufinyelela kwirekhodi le-NNR, uma –

a) ukuvezwa kwerekhodi kungaveza ubufakazi obukhulu bento eyephula umthetho, noma ukwehluleka ukuhambisana nomthetho; kanye

b) nentshisekelo yomphakathi ekuvezweni kwerekhodi kwedlula ngokusobala ukulimala okunkankanywe ngezizathu zokunqaba ukufinyelela kumarekhodi.

Isigaba serekhodi

Ulwazi oluhlobene nezokuphepha
Imibiko yokuqinisekisa ukuhambelana (Ukuphepha nokuVikeleka kwezeNunzi)
Ulwazi olugodliwe, oluphethwe ngesikhathi sokuphenya, ukubonisana, ukulalelwa kwecala okungavulelekile, ulwazi oluhlala kummeli nekilayenti lakhe, ulwazi olususelwa ekuvikelekeni kuzwelonke noma ulwazi lomuntu oseceleni
Izincwadi zokuphepha ezeseka izicelo zokugunyaza okwenunzi
Ophethe ukugunyaza okuyimfihlo nokuxhumana nomfakiciselo
Ucwaningo olwenziwe wuMhlinzeki weMisebenzi ye-NNR
Imibiko egodlwe weMnyango weNgcuphe yeZomthetho kanye nokuHambisana we-NNR
Ukuxhumana kwangaphakathi kwi-NNR
Ukuxhumana kwangaphakathi okuyimfihlo kwaBalawuli abaseZikhundleni
Ulwazi olumayelana naBasebenzi bakwandabazabantu, okufaka, kodwa okungagcini kumafayela ahlobene nohlelo lokuqondisa izigwegwe namarekhodi, ulwazi lwezokwelapha nolwazi ngomuntu.
Ulwazi lwezokwelapha oluqondile olumayelana nokuba nomsebenzi othile ezindaweni ezilawulwa yi-NNR
Ukuvezwa kwezimpahla nezinqubo zokuvikela impahla
Izivumelwano zeZinga elithile leMisebenzi
Izincwadi eZithile zeThenda
Ama-ajenda namaMinithi eMihlangano nokubhalelwane ngakho
Izinhlaka zemibiko, izinqubomgomo, namadokhumenti okuxoxiswana ngawo
Imibhalo yocwaningo neMibono Yezomthetho - Izaziso zokuqinisa okuvunyelwene ngakho; - Ukukhokhelana kwabantu; - Umbiko wokuhlola; - Isaziso solwazi; - Izimvume zokucinga; kanye - Nokubizelwa enkantolo
Izincwadi zokubiza izikweletu nobufakazi bokuthi kukhokhiwe
Imibiko ethile yeforenzikhi

8. UKUTHOLAKALA NGALESO SIKHATHI KWAMAREKHODI ATHILE E-NNR, ATHOLAKALA NGAPHANDLE KOKUBA UMUNTU ACELE UKUFINYELELA NGOKWEMIGOMO YESIGABA 15(2) SOMTHETHO

8.1 Ulwazi olulandelayo kufinyeleleka kulo ngqo kwiwebhusaythi yakwa-NNR: www.nnr.co.za

Isigaba	Uhlobo lwedokhumenti
Imitheshwana neZaziso zikaHulumeni	- No R388: Izindlelakwenza Zamazinga okuPhepha nokuLawula (i-SSRP) - No 716: Okuqukethwe wuMbiko woMphakathi woNyaka kweZempilo nokuPhepha okuhlobene nabasebenzi, umphakathi nendawo okuhlobene nazo zonke izindawo ezinokufakwa kwenunzi - No R927: Ukunika izindawo amalayisense ukuze kube nokuFakwa kabusha kokweNunzi. - No R968: Ukusungulwa kweNkundla yokuPhepha koMphakathi kulabo abanelayisense yokufakwa kwenunzi ukwazisa abantu abahlala endaweni kaMasipala abasungulelwe iSu leSimo eSiphuthumayo. - No R1342: Ukufaka ezigabeni zokufakwa kwenunzi ehlukene – Izinga lokuPhepha ngokweZezimali liyohlinzekwa - GN 709: Ukubusa Ngokubambisana mayelana nokuLawula nokuKhomba izinto ezithinta imisebe noma ukuvela kwinsebenzomisebe ye-ayoni. - GN 778: Ukugcina irekhodi labo bonke aBantu abasengozini edalwe yiNunzi endaweni ekhonjiwe.

- GN 1219: Ifomethi yesicelo esifakiwe seLayisense yokufakwa kweNunzi noma iSitifiketi sokuRejista ukuVunyelwa ukungayenzi into.

  Umtheshwana we-LTO: Umtheshwana we-LTO yokufakwa kwenunzi

Amadokhumenti eZidingo zokuLawula	- RD 004: Izidingo ZeziMayini nokuLawula iMfucuza eNokunemisebe kanye nokuSetshenzwa kweZimbiwa - RD 005: Isidingo sokulawula izingabunjalo ngemisebenzi efaka yeZimbiwa zaseMayini ezisebenza ngeMisebe nokuSetshenzwa kweZimbiwa. - RD 006: Izidingo zokuLawula iRediyeshini yeZingcuphe zaseMayini nokuSetshenzwa kweZimbiwa. - RD 007: Izidingo zokuLawula oKukhishwayo nokuSebenza ngeMisebe nabaseziMayini aBahlola iNdawo nokuSebenza kweZimbiwa - RD 008: Isidingo sokuLungiselela Ngokuphuthuma iZimayini nokuSebenza iZimbiwa - RD 009: Ukuxhumana okuPhuthumayo ngoMlomo noMlawuli weNunzi kuZwelonke: oKwenzeka Ngokwemvelo okuSebenza ngeMisebe - RD 010: Izidingo zesiKalomisebe nokuNqinda ukusebenza kweZimayini nokuSetshenzwa kweziMbiwa

- RD 011: Izidingo zokuQapha okoKwelapha nokuLawula aBantu ngokoMsebenzi nokuSetshenzwa kweZimbiwa
- RD 012: Ukwaziswa ngezidingo Zokwenzeka eZimayini nokuSetshenzwa kweZimbiwa
- RD 013: Izidingo zeDokhumenti yoLwazi loMphakathi (i-PID) okumele lukhiqizwe Abafakizicelo ukuze igunyazwe kabusha
- RD 014: ukuzilungiselela esimweni esiphuthumayo nokuBhekana nezidingo zokufakwa kokweNunzi
- RD 016: Izidingo zokuGunyaza kweZilethwa ezifaka isofthiwe yamakhompyutha namaModeli okuHlaziya okuBala ngokuPhephile
- RD 018: Izidingo eziyisisekelo zokuthola iLayisense ze-Pebble Bed Modular Reactor
- RD 022: Ukunqinda isikalokufakwa sase-Koeberg Nuclear Power Station
- RD 024: Izidingo zokuHlolwa kweNgcuphe nokuHambelana neMigomo ePhezulu yokuPhepha ekuFakweni kokweNunzi
- RD 026: Ukumukwa igunyakusebenza kweZindawo zeNunzi
- RD 028: Umhlahlandlela wokuGcina weSikhashana
- RD 034: Ukulawula iZidingo zeZingabunjalo nokuPhepha ekuFakweni kokweNunzi
- RD 038: Izaziso zemicimbi ezindaweni nasemisebenzini egunyazwe yi-NNR Nuclear Technology kanye noMnyango wePhrojekthi yeMfucuza
- LD 1012: Izidingo eziMayelana neZinhlobo eZiphakanyisiwe eKoeberg Nuclear Power Station
- LD 1023: Izidingo Zokulawula iZingabunjalo le-Koeberg Nuclear Power Station
- LD 1077: Izidingo zokuQapha okoKwelapha nokokuSebenza koMqondo nokuLawula i-Koeberg Nuclear Power Station
- LD 1079: Izidingo eziMayelana neLayisense yokuShintsha Izicelo kuMlawuli weZenunzi kuZwelonke
- LD 1081: Izidingo zoMsebenzisi oneLayisense eKoeberg Nuclear Power Station

	- LD 1092: Izidingo zokuqala zokuKhishwa kweLayisense yokuSebenza kanye ne-Koeberg Nuclear Power Station - LD 1093: Izidingo zeSimelelli sokuQeqesha ngoMumo oPhelele eKoeberg Nuclear Power Station
Amaphepha oMumo woKulawula	- PP-0008: Uhlaka lokuGunyaza uMumosakhiwo - PP-0009: Ukugunyaza ukufakwa okweNunzi - PP-0012: Ukwakhakukhiqiza - PP-0014: Imicimbi yangaphandle yokuFaka okweNunzi - PP-0015: Izisekelo eZiphuthumayo Zobuchwepheshe zokuFaka okweNunzi - PP-0016: Uhlaka lokuHlola ukuHambelana eNingizimu Afrika - PP-0017: Umumosakhiwo kanye nokuQalisa ukusebenza nokokuSebenza okuDijithali nokuLawula ukuFaka okweNunzi
I-PAIA	- INcwadi ye-PAIA - Isicelo se-PAIA sokuFinyelala kumaFomu aMarekhodi (iFomu 2) - Uhlu lokutholakala ngokuZenzekela kwamarekhodi athile yi-NNR
Amadokhumenti eMiqondosu (Izinhlelo neMibiko)	- Ingqungquthela yoMbiko wokuPhepha kweNunzi - Ingqungquthela eHlangene ekuLawulweni kokuPhepha kokusaMafutha oKusetshenzisiwe ekuPhepheni ngoMbiko wokuLawula iMfucuza esebenza ngeMisebe - Umbiko woNyaka - Uhlelo lweMiqondosu - Uhlelo lokuSebenza loNyaka - Izaziso ezishicilelwe zokulawula nezitatimende zabezindaba

8.1.1 Olunye ulwazi oluvele lutholakale olungafakiwe kwiwebhusaythi ye-NNR lungacelwa kwi-NNR ngaphandle kokufaka isicelo ngokwemigomo ye-PAIA. Kodwa, kumele kuqashelwe ukuthi imali ebekelwe ukukhokhwa ukugaya amakhophi iyothathwa, lapho kungena khona.

9. INQUBO YOKUCELA UKUFINYELELA KUMAREKHODI AGODLWE YI-NNR

9.1 ISigaba 18 se-PAIA sibeka ukuthi inqubo okumele ilandelwe ekwenzeni isicelo sokufinyelela olwazini olugodlwe yi-NNR. ISigaba 23(1) se-POPIA siphinde sihlinzeke inqubo yokufinyelela olwazini

ngomuntu. Indlela yokufinyelela olwazini ngomuntu ngokwemigomo yeSigaba 23 se-POPIA okumele sihambisane neSigaba 18 of PAIA.

9.2 Umfakisicelo noma oyinhloko yemininingo kumele asebenzise ifomu elibekelwe ukukhokhwa, iFOMU 2, uma ecela ukufinyelela kwirekhodi noma ulwazi ngomuntu ngqo. IFomu 2 linanyathiselwe lapha.

.

9.3 Umfakisicelo yinoma yimuphi umuntu ofaka isicelo sokufinyelela kwirekhodi le-NNR kanti kulokhu, i-PAIA yehlukanisa phakathi kwezinhlobo ezimbili zabafakizicelo zokufinyelela olwazini, okungukuthi, Ozicelela Yena, (inhlokomininingo) Nomunye Ozicelelayo.

9.3.1 Inhlokomininingo wumfakisicelo othe ngokuhlinzeka ubufakazi obanele bobuntu bomuntu, wayesecela ukufinyelela kwirekhodi eliqukethe ulwazi ngomuntu oyinhlokomininingo. Ngokuncike kwizihlinzeko ze-PAIA ne-POPIA, i-NNR izohlinzeka ulwazi oluceliwe, noma kutholakale ukufinyelela kunoma yiliphi irekhodi elimayelana nolwazi lomuntu lwenhlokomininingo esikhathini esizwakalayo, (ngemali ebekiwe, uma ikhona) ngendlela ebekiwe nefomethi nangendlela eqondeka kahle. Imali ebekelwe ukukhokhelwa ukukhiqiza kabusha ulwazi ngomuntu oluceliwe kuyomele ikhokhwe yi-NNR;

9.3.2 Umuntu ongena kulesi sigaba Somunye Ozicelelayo onelungelo lokucela ukufinyelela olwazini olumayelana nomuntu oseceleni. Kodwa, i-NNR ayiphoqelekile ukugunyaza ukufinyelela ngaphambi kokuba umfakisicelo ahlangabezane nezidingo zokufinyelela olwazini ngokwemigomo ye-PAIA ne-POPIA.

9.4 IFomu lesi-2 kumele libhalwe lapho liya khona bese lihanjiswa kuMsebenzi woLwazi ngesandla, ngeposi, ngefeksi noma i-imeyli, eveza imininingwane ebalulwe endimeni 6 ngenhla.

9.5 Umfakisicelo kumele ahlinzeke ulwazi olwanele lwamarekhodi aceliwe ukuze iSisebenzi Solwazi noma Isekela leSisebenzi Solwazi sihlonze i(ama)rekhodi. Ifomu elibekiwe kumele ligcwaliswe ngemininingwane eyanele ukuze iSisebenzi Solwazi sikwazi ukubona:

9.5.1 Umazisi womfakisicelo;
9.5.2 Imininingwane yerekhodi eliceliwe;
9.5.3 Uhlobo lwerekhodi;
9.5.4 Uhlobo lokufinyelela; kanye

9.5.5 Nendlela yokufinyelela.

9.6 Amanye amaphuzu abalulekile okumele uwakhumbule uma ugcwalisa ifomu lesicelo:

9.6.1 iSigaba ngasinye sefomu siqukethe imiyalelo okumele ilandelwe ukuze kuphuculwe amathuba okuba isicelo sivunywe futhi kube nokulibala okuncane;

9.6.2 uma amarekhodi ecelelwa omunye umuntu, uyacelwa ukuba uhlinzeke ikhophi yalowo muntu;'

9.6.3 ukuchaza okuneminingwane kwamarekhodi aceliwe kumele kuhlinzekwe yiSisebenzi Solwazi noma iSekela leSisebenzi Solwazi ukuze iveze okuyikho.

9.7 Nanoma yimuphi umuntu odinga usizo ukugcwalisa iFomu 2, angathintana neSekela leSisebenzi Solwazi esebenzisa imininingwane ebalulwe endimeni 6 ngenhla.

9.8 Umfakisicelo kumele aveze ngokweSigaba 29(2) se-PAIA, uhlobo lokufinyelela aludingayo.

9.9 Umfakisicelo kumele asho ukuthi amarekhodi awacelile uwafuna ngolimi oluthile yini.

9.10 Umfakisicelo kumele aveze indlela afisa ukwaziswa ngayo isinqumo ngesicelo nemininingwane edingekayo ukuze aziswe ngendlela.

9.11 Umfakisicelo uyothola ulwazi ngendlela ekhonjiwe. ISigaba 29(3) se-PAIA sikhombisa ukuthi ulwazi olukhona luzoncika ekutheni isicelo ngeke sigxambukele ngokungafanele ekuphatheni ngendlela i-NNR, nokulimaza ukugcina i(ama)rekhodi noma kugxobe amalungelo okugaya okungewona akaHulumeni.

9.12 Umfakisicelo kumele akhombise, ngokweSigaba 29(2) se-PAIA, okuwuhlobo lokufinyelela oludingekayo.

9.13 Umfakisicelo uyokwaziswa ngemali ebekelwe ukukhokhwa, uma ikhona, indlela yokukhokha nehhovisi okungakhokhwa kulo noma kulethwe ubufakazi bokuthi kukhokhiwe ngaphambi kokuba ukufakwa kwesicelo solwazi kusetshenzwe. Uyacelwa ukuba uqaphele ukuthi umfakisicelo ugunyaziwe ukuba angakhokhi imali yokufinyelela kwi-NNR uma -

9.13.1 Umfakisicelo ungumuntu oyedwa omali ayihola ngonyaka, emva kokukhipha izimali okugunyaziwe, njenge-Pay As You Earn (i-PAYE) ne-Unemployment Insurance Fund (i-UIF), ingaphansi kwama-R14 712 ngonyaka, noma

9.13.2 Umfakisicelo ushadile kanti umholo wakhe ohlangene nowomlingani wakhe, emva kokudonswa kwemali okugunyaziwe, njenge-PAYE ne-UIF, ingaphansi kwezi-R27 192 ngonyaka.

9.14 Isicelo solwazi, ngokwemigomo yeSigaba 25 se-PAIA, siyosetshenzwa yiSisebenzi soLwazi ezinsukwini ezingama-30 emva kokuthola isicelo noma emva kwaso ngangokulindelekile, emva kwalokho iSisebenzi soLwazi siyokwazisa umfakisicelo ngesinqumo, ukuze kuvunywe noma kwenqatshwe isicelo sokufinyelela kumarekhodi. Isinqumo kumele, uma kungenzeka, simenyezelwe ngendlela esicelwe ngayo wumfakisicelo.

ISigaba 26 se-PAIA sibeka izimo lapho isikhathi esiyizinsuku ezingama-30 ezibalulwe eSigabeni 25 se-PAIA, singanwetshwa ngezinye izinsuku ezingama-30. Isikhathi sezinsuku ezingama-30 singanwetshwa ngezinye izinsuku ezingama-30, uma -

9.14.1 isicelo senzelwe inani eliphezulu lamarekhodi noma sidinga ukuba kucingwe kumarekhodi amaningi nokuhambisana nesikhathi sokuqala esibekiwe esingaphazamisa ngokungafanele imisebenzi ye-NNR;

9.14.2 isicelo sidinga ukucinga amarekhodi ekuqoqeni ehhovisi le-NNR elingekho edollobheni elilodwa nehhovisi leSisebenzi Solwazi futhi lingeke ligcwaliswe ngendlela esikhathini esinikwe kuqala;

9.14.3 ukubonisana kwezimpiko ezehlukene ze-NNR noma olunye uhlaka lukahulumeni kuyadingeka noma kuyafiseka ukuze kunqunywe ngesicelo nokuthatha isinqumo okunjalo ngeke kuphothulwe esikhathini esibekwe ekuqaleni;

9.14.4 isimo esingaphezu kwesisodwa esinkankanywe ezindimeni (a), (b) no-(c) sikhona mayelana nesicelo sokuhambisana nesikhathi esibekwe ekuqaleni kungeke kwenzeke ngaso; noma

9.14.5 Umfakisicelo unika imvume yokunweba isikhathi ngokubhala phansi.

9.15 Uma isikhathi sesinwetshiwe, iSisebenzi Solwazi kumele ngokushesha emva kwezinsuku ezingama-30 zokuthola isicelo sazise umfakisicelo ngalokho kunwetshwa kwesikhathi.

9.16 Uma isicelo sokufinyelela kwirekhodi senqatshiwe, silibazisiwe noma sivunywe kuncike ezimalini ezingenasidingo noma sikhishwe ngefomu elingemukelekile, umfakisicelo angedlulisela isicelo sakhe ngaphakathi ngokweSigaba 74 se-PAIA.

9.17 NgokweSigaba 78 se-PAIA, umfakisicelo noma umuntu oseceleni okukhulunywa ngaye eSigabeni 74, angafaka isicelo eNkantolo ukuze athole isinxephezelo esiyiso ngokwemigomo yeSigaba 82 soMthetho, emva kokuba esenze konke ukwedlulisa isicelo senqubo emelene nesinqumo seSisebenzi Solwazi. Izindlela zokwedlulisela izicelo aziyona impoqo kanti umfakisicelo

noma umuntu oseceleni angakwazi, nganoma yisiphi isikhathi, ezinsukwini ezibekiwe eziyi-180, ukuba aye enkantolo ukuze athole isinxephezelo esiyiso.

9.18 Umfakisicelo, ongajabulile ngesinqumo seSisebenzi Solwazi se-NNR ngaphansi kwe-PAIA, angakwazi ukufaka isikhalazo kwi-NNR kanti kufanele akwenze ngokufaka isicelo, ezinsukwini eziyi-180 zokufaka isicelo enkantolo ukuze athole isinxephezelo esifanele ngokwemigomo yeSigaba 82.

10. UKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI EKWAKHIWENI KWENQUBOMGOMO NOKUSEBENZISA AMANDLA NOMA UKWENZIWA KWEMISEBENZI YI-NNR

10.1 Ekusebenziseni amandla ayo noma ekwenzeni okulindeleke kuyo ngokwemigomo ye-PAIA ne-POPIA, umphakathi njalo ngokuhamba kwesikhathi uyamenywa ukuba wenze isethulo noma ubambe iqhaza noma ukuba nomthelela ohlelweni lokuthatha izinqumo zokulawula okwenunzi kwe-NNR ngokuhambisana neSigaba 21(4) soMthetho we-NNR.

10.2 Amalungu omphakathi angarejista ukuze amelwe kwi-NNR mayelana nempilo, ukuphepha ukuphepha nokuphathelene nendawo kanjalo nokunye okungena endaweni yokomthetho yegunya le-NNR.

10.3 Umphakathi uyakhuthazwa ukuba ubambe iqhaza ekubonisaneni nabanesabelo okuhlelwe yi-NNR. Inkundla esetshenziselwe ukubamba iqhaza komphakathi kungaba ngokuhlangana nomphakathi (mathupha noma ngobuxhakaxhaka), nge-imeyli noma ngezethulo ezibhalwe phansi.

11. UKUSEBENZA ULWAZI OLUQONDENE NOMUNTU

11.1 Inhloso yokusebenza ulwazi ngomuntu lwenhlokomininingo ye-NNR

11.1.1 Izinhlelo ze-NNR ngolwazi ngomuntu lwezinhlokomininingo ezinakelelwa yiyo ngezindlela ezilandelayo –

a) Ukugcwalisa noma ukuhlangabezana nemisebenzi eyibekelwe ngokomthetho obhalwe phansi ngaphansi kwe-PAIA ne-POPIA, ngokwenza lokhu -
   i. Ukuphatha abasebenzi nabafake izicelo zomsebenzi;
   ii. Ukugcina izikhalazo namarekhodi;
   iii. Uhlelo lokuthenga impahla;

iv. Ukwemukela izikhalazo;
v. Ukuphenya izikhalazo;
vi. Ukuhlola ukuhambelana;
vii. Izindlela zokuqinisekisa okudingekayo;

b) Ukusebenza isicelo esifakelwe lokhu –
i. Ukufakwa kokwenunzi;
ii. Ilayisense yesiqukathi nunzi;
iii. izitifiketi zokurejista;
iv. izitifiketi zokunikwa igunya lokungayenzi into;

c) ukuphatha abasebenzi nabafake izicelo zomsebenzi;
d) ukugcina ama-akhawunti namarekhodi;
e) uhlelo lokuthenga impahla;
f) izivakashi kunoma yisiphi isakhiwo se-NNR;
g) Ukuhambisana neminye imithetho efanele, njenge-PFMA, imitheshwana engaphansi kwayo, amaNothi eMiyalelo yezezimali kuZwelonke.

12. IZIGABA ZEZIHLOKO ZEMININGO NOLWAZI OLUQONDENE NOMUNTU

I-NNR ingasebenza amarekhodi amayelana nabahlinzeki, osonkontileka, abahlinzeki bemisebenzi, abasebenzi nabanamagunya:

Izigaba zezinhlokomininingo	Ulwazi ngomuntu olungasetshenzwa
Abamangali: Abantu bemvelo	Amagama nesibongo; Imininingwane yokuxhumana (i(zi)nombolo zokuxhumana, inombolo yefeksi, ikheli le-imeyli); Ikheli lendawo yokuhlala, leposi nelebhizinisi; Isihlonzi esikhethekile/Inombolo kamazisi, kanye nokuxhumana ngobumfihlo.
Abamangali: abaqondene, abantu ngokomthetho/ izikhungo zikahulumeni	Amagama abantu oxhumana nabo; Igama leSikhungo soMthetho; Ikheli lendawo yokuhlala neleposi; Imininingwane yokuxhumana (i(zi)nombolo zokuxhumana, inombolo yefeksi, Ikheli le-imeyli) nenombolo yokurejista.

Abantu bangaphandle/ Izikhungo	Igama; Imininingwane yokuxhumana (i(zi)nombolo zokuxhumana, inombolo yefeksi, ikheli le-imeyli); amakheli endawo yokuhlala naweposi.
Okuboniswana nabo	Amagama abantu oxhumana nabo; Igama lesikhungo; Ikheli lendawo yokuhlala nekheli leposi and Imininingwane yokuxhumana (i(zi)nombolo zokuxhumana, inombolo yefeksi, ikheli le-imeyli); Inombolo yokurejista.
Abahlinzeki bemisebenzi abangosonkontileka	Amagama abantu oxhumana nabo; igama lesikhungo; amagama abaqondisi nabanesabelo, ikheli lendawo yokuhlala neleposi nemininingwane yokuxhumana (i(zi)nombolo zokuxhumana, inombolo yefeksi, ikheli le-imeyli); Ulwazi lwezezimali; Inombolo yokurejista; izincwadi okwakhelwe kuzo; ulwazi oluhlobene nentela; abagunyazelwe ukusayina, umumo wokunika amandla omnotho kwabamnyama okusabalele (i-B-BBEE), isikhungo okusetshenziswana nazo, imiqondosu yebhizinisi.
Abasebenzi / Amalungu / Amalungu eKomidi	Ubulili, ukukhulelwa, umumo womshado; ubuhlanga, ubudala, ulimi, ulwazi ngezemfundo (iziqu); ulwazi ngezezimali; umlando ngokomsebenzi, inombolo kamazisi; ikheli lendawo yokuhlala nekheli leposi; Imininingwane yokuxhumana (i(zi)nombolo zokuxhumana, inombolo yefeksi ikheli le-imeyli); irekhodi lobugebengu; ubunjalo-mpilo namalungu omndeni, Ezokwelapha, ubuzwe, ubuhlanga noma imvelaphi ngokwenhlalo, impilo ngokomzimba nangokomqondo, ukukhabazeka, ulwazi lwebhayomethrikhi yomuntu, umlando wokuqashwa, indawo osebenza kuyo namareferensi.

13. ABEMUKELI NOMA IZIGABA ZABEMUKELI ABANGANIKWA ULWAZI OLUQONDENE NOMUNTU OLUKHISHWA YI-NNR

13.1 I-NNR ingathumela ulwazi ngomuntu oluqondene nenhlokomininingo kuBasebenzi bakwa-NNR, njengxenye yokwenza igunya lokomthetho.

13.2 I-NNR ingahlinzeka ulwazi ngomuntu oluqondene nenhlokomininingo kuMhlinzeki weMisebenzi owenza le misebenzi elandelayo -

13.2.1 Ukufaka kwikhompyutha nokuhlela ulwazi ngomuntu;

13.2.2 Ukugcina ulwazi ngomuntu;

13.2.3 Ukuthumela ama-imeyli nokunye okuthunyewa emphakathini;

13.2.4 Ukwenza okumele kwenziwe;

13.2.5 Ukuhlola ubugebengu;

13.2.6 Ukuqinisekisa iziqu;

13.2.7 Ukuphenya ngeforenzikhi nanoma yiluphi olunye uphenyo oluhlobene nemisebenzi ye-NNR;

a) Ukucubungula amabhuku ezimali;

b) Ukuphatha iSikhwama seMpesheni esizimele, iZimali zeMpesheni

c) Ama-medical aids;

d) Nengqalasizinda ye-ICT.

13.3 I-NNR ingaphinde ilethe ulwazi ngomuntu oluqondene nenhlokomininingo kuma-ejensi okusebenza komthetho, njenge-National Prosecuting Authority noma uMbutho waMaphoyisa waseNingizimu Afrika, ukuze kuphenywe amacala obugebengu; naseziNkantolo, nganoma yiluphi udaba oluyobuyekezwa ngokomthetho.

13.4 Nanoma yikuphi ukwedlulisela ulwazi ngomuntu ulweqisa imingcele kuyoba ngemvume yenhlokomininingo, kodwa uma kungeke kwenzeke ukuba kutholakale imvume yenhlokomininingo, i-NNR iyokwedlulisa ulwazi ngomuntu uma –

13.4.1 Kuzoba yinzuzo koyinhlokomininingo; futhi

13.4.2 Inhlokomininingo inike imvume uma kunjalo

13.4.3 Kungenzeka ngokuyikho ukuthola imvume enjalo.

14. IZIMALI EZIMISELWE UKUKHOKHWA

14.1 ISigaba 22(1) se-PAIA siveza ukuthi imali okumele ikhokhwe ukuze kufinyelelwe kumarekhodi e-NNR zibekiwe. Izimali ezibekelwe ukukhokha zibalulwe esithasiselweni B, esinanyathiselwe lana.

14.2 Umfakisicelo ofuna ukufinyelela kunanoma yiliphi irekhodi kungadingeka akhokhe imali, ngaphandle uma egunyazwe ukuba angakhokhi, njengoba kuvezwe endimeni 14.3 ngezansi.

14.3 Umfakisicelo akudingekile ukuba akhokhe imali yokufinyelela ohlakeni lukahulumeni uma –

14.3.1 Engumuntu ongashadile omholo wakhe wonyaka, emva kokudonswa kwemali evunyiwe, njenge-PAYE ne-UIF, ungaphansi kwama-R14 712 ngonyaka, noma

14.3.2 Eshadile kanti imali yomholo ehlangene neyomlingani, emva kokudonswa kwemali evunyiwe, nenge-PAYE ne-UIF, ingaphansi kwezi-R27 192 ngonyaka.

15. AMAREKHODI ANGEKE ATHOLWE NOMA ANGEKHO

15.1 Abafakizicelo banelungelo lokuthola impendulo engaba yi-afidavithi noma isiqinisekiso lapho amarekhodi kungelula ukwazi ukuthi akuphi, kodwa lapho umfakisicelo abengakwazi ukufinyelela khona ukube irekhodi belikhona.

15.2 Abafakizicelo baphinde babe nelungelo lokuthola impendulo engaba yi-afidavithi noma isiqinisekiso lapho amarekhodi aceliwe engekho.

16. UKULAHLWA KWAMAREKHODI

16.1 I-NNR igodle ilungelo lokulahla ngokusemthethweni amarekhodi athile ngokwemigomo yabanegunya elitholakale kwi-National Archives and Records Service.

16.2 Abafakizicelo bayokwelulekwa ngokuthi irekhodi elithile lilahliwe uma lokhu kuqondene namarekhodi aceliwe.

16.3 Ngokuhambisana neSigaba 24(1) se-POPIA, i-NNR ngesikhathi ithola isicelo enhlokweni yemininingo –

16.3.1 Iyolungisa noma idilithe ulwazi oluhlonza inhloko yemininingo olukuyo noma olulawulwa yiyo olungelona iqiniso, olungangeni, oluningi kakhulu, oluphelelwe yisikhathi, olungaphelele, olungaqondile noma olutholakele ngokungemthetho; noma

16.3.2 Iyochitha noma idilithe irekhodi lolwazi ngomuntu ngenhloko yemininingo ukuthi i-NNR ayisagunyaziwe ukuligcina ngokwemigomo yeSigaba 14 sePOPIA.

17. IZIBEKELO ZOLWAZI LOKUPHEPHA

17.1 I-NNR iyoveza izilandelwa zokuphepha ukugada ulwazi lomuntu ukuba kufinyelelwe kulo ngokungekho emthethweni nezindlela ezilandelayo ziyophuculwa -

17.1.1 iyoqinisekisa ukuthi ukwehlukanisa okuyikho kolwazi olufakwe kwimininingo yabasebenzi kuyomele yehlukaniswe njengo'lwazi ngomuntu' noma 'ulwazi olukhethekile ngomuntu';

17.1.2 iyoqinisekisa ukuthi izilandelwa zokuphepha ziyaphuculwa ukuvikela ukufinyelela olwazini okungagunyaziwe ngokuqalisa ukusebenza kwemizamo yokuphepha yekhompyutha neyobuxhakaxhaka njengamagamamfihlo, ukuqalisa ukusebenza amafayawoli, ukufaka izivimbelimagciwane ekhompyutha, ukuqinisekisa ukuphepha kwemininingo ngokuxakazisa imininingo, ukuvikela amalephuthophu namakhompyutha ngamagamamfihlo noma amabhayomethrikhi nokuvikela i-Virtual Private Network;

17.1.3 izilandelwa zokwazisa abasebenzi noma abanye abantu ziyosetshenziswa uma ulwazi ngomuntu luphazamisekile noma uma ubumfihlo buphazamisekile; futhi

17.1.4 iyoqinisekisa ukuthi izilandelwa ezinemithetho yezokuphepha ziyofukanyelwa ukunqinda ukufinyelela komuntu oseceleni endaweni yasehhovisi, ubuxhakaxhaka bamakhompyutha, uhlelokusebenza, ukusebenzisa ingaphakathi lekhompyutha, imininingo noma omunye umthombo.

18. IZIKHALAZO EZIYA KUMLAWULI WOLWAZI

18.1 Umfakisicelo noma umuntu oseceleni angathumela kuphela isikhalazo kuMlawuli ngokuhambisana neSahluko 1A se-PAIA emva kokuba umfakisicelo noma umuntu oseceleni esesebenzise zonke izikhawu zokwedlulisela icala ngaphakathi ukumelana nesinqumo seSesebenzi Solwazi.

18.2 Isikhalazo esiya kuMlawuli kumele senziwe ngokubhala phansi bese kuthi ifomu lesikhalazo ligcwaliswe, ngesandla noma kwikhompyutha. Ifomu lesikhalazo lingadawunilodwa kwiwebhusaythi yoMlawuli ku: www.inforegulator.org.za

19. UKUTHOLAKALA KWENCWADI

19.1 Incwadi ye-NNR itholakala ngezilimi ezintathu ezisemthethweni. Ikhophi izotholakala –

19.1.1 Kwiwebhusaythi ye-NNR ku: www.nnr.co.za

19.1.2 Ehhovisi elikhulu le-NNR ukuze libhekwe wumphakathi ngesikhathi samahora omsebenzi ejwayelekile;

19.1.3 Kunanoma yisiphi isicelo somuntu kanye nasekukhokhweni kwanoma iyiphi imali efanelekile.

19.1.4 Imali yekhophi yeNcwadi, njengoba kunkankanywe esithasiselweni B, kumele ikhokhwe ngekhophi ngayinye eyi-A4 egayiwe.

20. UKUFAKA ULWAZI OLUSHA ENCWADINI

I-NNR uma kunesidingo, iyofaka ulwazi olusha bese ishicilela le ncwadi minyaka yonke.

Ikhishwe ngu
Mlawuli wezeNunzi kuZwelonke